



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

UKUHLOLA KUKAZWELONKE KONYAKA

NONYAKA - 2012

IBANGA 3

ISIZULU ULIMI LWEBELE

IPHEPHA ELIYISIBONELO SOKUHLOLA

IQOQO 2: 2012

UMHLAHLANDLELA WOKUSETSHENZISWA KWEZIBONELO ZOKUHLOLWA (AMA EKH'ZEMPLAZI) KUKA-ANA

1. Indlela Yokubuka Lezi Zibonelo Zokuhlola Umsebenzi.

Isivivinyo sikaZwelonke soNyaka naNyaka u-(ANA) yisivivinyo esiqoqayo esibheka ulwazi kanye namakhono okulindeleke ukuba athuthukiswe kubafundi emabangeni, loku-1 kuya kwelesi-6 kanye nelesi-9. Lokhu kwelekelela ukuhlolwa okwenziwa ezikoleni futhi kuqinisekisa ukuthi abafundi bazuze ngokwenele, ukuze bazethembe futhi bazibandakanye ngempumelelo ekuhlolweni okwenziwa ngaphandle, lokhu kungenziwa idlanzana lothisha kumbe ongoti abaluleka ngezifundo (subject specialist), izivivinyo ezihlola uLimi kanye neMathemathiksi. Imibuzo ye-ekh'zempla ithuthukiswe yasuselwa kwikharikhulamu ngokwamathemu loku-1, lesi-2 nelesi-3. Kwaphindwa kwangezelelwa ngephepha lokuhlola elithi alifanele nalelo lika-ANA. Lezi zibonelo zezivivinyo kanye nephepha eliyisivivinyo elithi alifanele nelika ANA ahlose ukwelekelela ukuhlola okwenziwa ezikoleni ekuhloleni okuqhubekayo, ayangezelela, ayisibonelo sokumiswa kwemibuzo, awaqondile ukuthatha isikhundla sokuhlola kwasezikoleni.

2.Ukuma kwemibuzo eyezibonelo zokuhlolwa (ekh'zemplazi)

Ama –ekh'zemplazi enzelwe ukuveza izindlela namasu ayizinhlobonhlobo okuhlola amakhono nolwazi. Njengokuthi nje ukwazi ngqo lwesifundo noma yikhono kungahlolwa kusetshenziswe imibuzo eyuhlu azokhetha kuyo impendulo efanele umfundi (umfundi unikezwa izimpendulo ezicishe zifane bese yena kubhekeka ukuthi akakhethe impendulo eshaya emhlohlweni) noma umfundi alindeleke ukuthi abhale umusho noma isigatshana noma umfundi ahlanganise amagama noma isitatimende, aqedele umusho noma iphethini, atshengise izimpendulo zabo ngemidwebo noma izikeshi. Ngakho-ke othisha bazothola inqwaba yemibuzo eyezibonelo eyakhiwe ngezindlela ezahlukenene ezosiza ukuthi abantwana bakwazi ukuphendula ngesibindi neqholo uma sebephendula isivivinyo.

3. Ukuxhumanisa indlela yokufunda nokufundisa nokusetshenziswa kwezinsizakufundisa.

Ekuxhumaniseni imibuzo yesivivinyo, uzothola ukuthi kwenziwa ngamabomu ukuthi eminye imibuzo ihambisane namabhuku okusebenzela (*workbooks*) amiselwe ibanga lelo elihlolwayo. Ama-ekh'zemplazi akhiwe, ahlelwa, axhumana nezidingo seziTatimende seKharikhulamu sikaZwelonke yamaBanga kusuka ku-R kuya Kwele-12. (NCS) kanye nokuhlelwa kwe-Curriculum and Assessment Policy Statements (CAPS) yamaBanga afanele kanye ne-National Protocol for Assessment. Le miqulu kanye neminye engakhishwa isikole yakha izinsizakufundisa ezinothile, ukusiza othisha ekuhloleni izifundo kanye nokuhlola okubekelwe imigomo (Formal Assessment).

4. Ukusetshenziswa ama ekh'zemplazi

Njengoba ama ekh'zemplazi ebanga nesifundo ehlelwe ahlanganiswa, uthisha akumele awanike abafundi bawaphendule ngesikhathi esisodwa. Uthisha kumele akhethe imibuzo ehambisana nesifundo asihlelile ngaleso sikhathi. I- ekh'zempla ekhethwe kahle ingasetshenziswa ukubuza umbuzo noma imibuzo ehambisana nezinyathelweni zenqubo yokufunda nokufundisa ngalendlela:

- a. Ekuqaleni kwesifundo kungahlolwa lapho abafundi bemandla khona nalapho bebefushane khona. Imiphumela yaloku kuhlola okungenhla kumele inike isithombe esikhombisa ukuthuthuka kwabafundi kulokho abakunikiwe ukuze kubonakale lapho bebefushane khona nalapho bemandla khona. Isivivinyo sokuhlola ukuthi kungakanani abakwaziyo singenziwa njengomsebenzi wasekhaya ukuze kongiwe isikhathi sokufundisa ekilasini.

- b. Phakathi nesifundo kungasetshenziswa ukuhlola okwakhayo ukuze kubhekwe ukuthi abafundi bayaphumelela yini ukuthola ulwazi namakhono afundiswayo, kungabibikho umfundi ozosilela ngemuva.
- c. Ekupheleni kwesifundo kumbe kwezifundo ezimbalwa, abafundi banganikwa ukuhlola okuqoqayo ukuze kubhekwe ukuthi bazuze ngokwanele yini ulwazi namakhono abehlosiwe futhi bakwazi ukusebenzisa ulwazi namakhono abehlosiwe. Ukubikela abafundi ngobekuhlolwa kufanele kusheshe kwenziwe ukuze uthisha abe nesikhathi esanele sokuphinda umsebenzi abewufundisa ukuze kuvalwe izikhala azibonile zolwazi namakhono ashiyekile uma kunesidingo.
- d. Kuzo zonke izinyathelo zesifundo, abafundi kumele bahlolwe, kusetshenziswe amasu ahlukeni okubuza umbuzo. Isbn. Ukwazi ukuphendula imibuzo yalezi zinhlobo, ukukhetha impendulo eshaya emhlohleni kezinye (Multiple Choice Questions), imibuzo evulekile (Open Ended Questions) noma imibuzo edinga baphendule babeka imibono yabo (Free Responce) nemibuzo emifishane njll.

Yize ukuhlola ukuthi kungakanani abakwaziyo kanye nokuhlola okwakhayo kungaba kufishane ngokwemibuzo efakiwe, ukuhlola okuqoqayo kuyokuba nemibuzo ethe xaxa ngoba kuyisivivinyo esiphelele esithi asifane nesika ANA. Into esemqoka ukuqikelela ukuthi abafundi bathola ithuba elanele lokuzilongela ekuphenduleni imibuzo ethi mayifane neka ANA.

5. Amamemorandamu noma umhlahlandlela wokuphendulwa kwemibuzo

Uyanikwa Impendulo elindelekile yombuzo ngamunye we ekh'zempla kanye nesivivinyo esithi asifane nesika ANA. Othisha kumele bakhumbule ukuthi imemorandamu ivulekile. Amamemorandamu akunika imigomo ebanzi yezimpindulo ezilindelekile. Ngakho othisha kumele banike imiklomelo yezimpindulo ezingafani ezihambisana nokubuziwei.

6. Umthamo wokufanele kwenziwe ngokwekharikhulamu

Kusemqoka kakhulu ukuba umthamo wokufanele kwenziwe ngokwekharikhulamu kwebanga nebanga kwenziwe ngokuphelele. Ama-ekh'zemplazi ebanga nesifundo awakwazi ukuqoqa wonke umsebenzi obekwe kwikharikhulamu. Ama –ekh'zempla ayisibonelo nje solwazi olubalulekile namakhono omsebenzi okumele wenziwe kwithemu yoku-1, yesi-2 neyesi -3 alowonyaka. Ukuklanywa komsebenzi ngokwesikhathi samathemu kubekwe kwacaca kumqulu we CAPS.

7. Isiphetho

Inhlosongqangi yomnyango wezemfundo ukuthuthkisa amazinga aphakeme nayikhwalihi ukuze abafundi bathole amakhono asemqoka ekwazini iLitheresi neNyumaresi. U –ANA singathi esinye isikhali umnyango osisebenzisayo ukuhlola ukuthi izinga labafundi liyathuthuka, limi ndawonye noma liyehla yini. Izifunda nezikole zilindelekele ukuba zelekelele othisha ekufundiseni nokubanika izinsizakufundisa ukuze inqubo yokufunda nokufundisa yenzeke kahle. Ukusebenzisa ama –ekh'zempla ka- ANA njengengxenye yezinsiza kufundisa kuzosiza othisha ukuthi bajwayele ukusebenzisa amasu okuhlola ahlukeni. Uma ama-ekh'zemplazi esetshenziswe ngendlela efanele ayosiza abafundi ukuba bazuze ulwazi olufanele, bathuthukise namakhono afanele ukuze bazuze ulwazi olusezingeni eliphakeme namakhono afanele, ukufunda ngempumelelo bese bephumelela kangcono kwizivivinyo zikazwelonke zonyaka nonyaka (ANA)

Funda le ndaba bese uphendula imibuzo.



Kwakuwusuku lokuqala uLinda eya esikoleni esisha. Wayeneme kakhulu kepha kukhona nokwesaba okuncane. Babeseholo lesikole bonke abafundi abasha lapho uthisha omkhulu abemukela khona. Ngenhlanhla umngane omkhulu kaLinda uPinky, naye ungumfundi omusha kulesikole. Bonke abafundi abasha basala ehholo ngesikhathi laba abanye bephuma beya emakilasini abo. Uthisha wathatha bonke abafundi abasha wabasa ekilasini labo wabahlalisa phansi.

ULinda wahlala eduze kukaPinky. Lokhu kwenza uLinda ukuba akhululeke. Kunezithombe namashadi ezidongeni zekilasi labo. Inj a kaPinky uSpoti, wamlandela ngenkathi eya esikoleni. Uzama ukumfihla uSpoti. Lokhu kwenza uLinda esabe, acabange ukuthi uthisha uzothi uPinky akahambe abuyele ekhaya nenj a yakhe. Abafana bakuthokozela ukudlala noSpoti. Babelokhu beyibiza inj a noPinky esehluleka ukuyicashisa. Uthisha wambona uSpoti.

Nj engoba kwabe kuwusuku lokuqala zivuliwe izikole, uthisha akathandanga ukuba aqinise isandla. Wathi uPinky akeze ngaphambili azotshela ikilasi ukuthi umnakekela kanj ani uSpoti. UPinky wayeyithanda inj a yakhe futhi ekuj abulela ukuxoxa ngayo. ULinda waj abula. Akabe esasaba wabona ukuthi uthisha wabo unomusa.

1. Phendula lo mbuzo olandelayo.

1.1 Kwenzakalani ngesikhathi abafana beqala ukudlala noSpoti?

Qedela lo musho olandelayo.

1.2 Uthisha kaPinky wambizela ngaphambi kwekilasi uku

Qedela lo musho olandelayo.

1.3 USipoti wayesesikoleni noPinky. Wayekhathazeke kakhulu ngokuba kwakhe lapho.

Kwenzakala kanjani ukuthi aye esikoleni?

1.4 **Ukuba wawunguthisha wawuzokwenzenjani?**

1.5 **Kumele uPinky abokwenzenjani ukuvimba uSipoti ukuthi angabe esaya esikoleni?**

2. **Buka lesi sithombe esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.**

Usuku: ULwesithathu 30 kuMeyi 2012

Isikhathi: Ngekhefu

Indawo: Ehholo lesikole



Indali yamakhekhe

Ukusiza izintandane ezidalwe ingculazi

*Cake sale
In aid of HIV Orphans*

2.1 **Kokelezela uhlamvu olunempendulo eFanele.**

Simbiza ngokuthini umuntu obhaka amakhekhe?

- A Iphoyisa.
- B Uthisha.
- C Unesi.
- D Umbhaki.

2.2 **Kokelezela igama elifanele ukuze uqedele umusho.**

Amakhekhe azodayiswa ngolwesingaki?

(Msombuluko Lwesithathu Lwesine Lwesihlanu)

2.3 **Kokelezela igama elifanele.**

Bazowadayisa nini abafundi amakhekhe?

(ngaphambi kwesikole/ emva kwesikole/ ngekhefu/ ngesikhathi se *-Art*)

2.4 **Dwebela impendulo eFanele.**

(Imali Izicathulo Izingubo zokulala Ukudla)

Kuqoqelwa izintandane ezibangwe ingculazi.

2.5 **Faka uphawu X phezu kohlamvu olunempendulo engahambisani nomusho.**

Sisebenzisa ... ukubhaka ikhekhe.

- A iglu
- B amaqanda
- C isihlabathi
- D upende

Funda lo mlolozelo bese uphendula imibuzo elandelayo.

Mbambatha ikhekhe, Mbambatha ikhekhe, Mbhaki.

Ngibhakele ikhekhe ngokuphazima kweso.

Limbamathe bese ulihlaba, ulifake uphawu luka B.

Lifakele mina nengane kuhhavini.

3.1 Kokelezela uhlamvu olunempendulo efanele.

Umbhaki ulibhakela bani ikhekhe?

- A Yena.
- B Udadewethu.
- C Yena nengane.
- D Umama nobaba.

3.2 Qedela lo musho ngegama elifanele.

I khekhe ngilibhakela ku.....

3.3 Kokelezela uhlamvu olunempendulo efanele.

Ngaphambi kokufaka ikhekhe kuhhavini kumele ngi ...

- A Ngikolobhe phansi.
- B Ngibashe izingubo.
- C Ngibase uhavini.
- D Ngicime uhavini.

3.4 **Dwebela impendulo efanele yalo mbuzo ongezansi.**

Yiluphi uhlamvu umbhaki okumele alufaka ekhekheni?

(D B P T)

3.5 **Phendula lo mbuzo ngawakho amagama.**

Yini engenza ikhekhe lingakhukhumali?

4. **Funda leli hlaya bese uphendula imibuzo elandelayo.**

Umama uya ekamelweni lomfana wakhe ejabulile, "Vuka. Vuka. Yisikhathi sokuya esikoleni."

Indodana imphendule, "Angifuni ukuya esikoleni."

"Kufanele uye," kusho umama.

"Ngiyasizonda lesi sikole. Abafundi bagangile futhi bonakele."

"Noma kunjalo kumele uye," Kugcizelela umama.

"Kungathi umdlalo. Omunye ulwa nomunye. Bayangethusa okungenani ka -100 ngosuku!" kukhala umfana.

"Kumele uye esikoleni!"

"Kungani kumele ngiye? Kuncenga umfana.

"Ngoba," kuphendula umama, "unguthisha omkhulu!"

4.1 **Bhala amagama amabili owathole enzima ukuwafunda kuleli hlaya.**

4.2 **Bhala incazelo yala magama angezansi?**

ej abule.....

waphela

4.3 **Bhala amagama amabili akuleli hlaya angonhlamvumbili.**

4.4 **Bhala igama elikuleli hlaya elisho okufana nalokhu ...**

ukungathandi

okungekuhle

4.5 **Funda ihlaya bese uphendula umbuzo ngomusho ogcwele.**

Kwakufanele ngani ukuthi indodana iye esikoleni?

5.1 **Khetha impendulo efanele. Bhala impendulo esikhaleni osinikiwe.**

Lo mfulauma linile. (uyagcwala uyagwala)

I sela

(liyashontsha liyantshontsha)

5.2 **Kokelezela igama elifanele.**

Umuntu obhala incwadi kuthiwa ngu

A mbali.

B mbhali.

C mbheli.

D mbholi.

5.3 **Dwebela igama elifanele.**



buka

bhukha



futha

shutha

- 5.4 **Buka izithombe bese uqedela amagama usebenzise imisindo oyinikiwe.**
(kh ph f sh)



i.....ofi.



ufi.....i.

- 5.5 **Sebenzisa amagama asembuzweni ongenhla, wakhe imisho.**

- 6.1 **Kokelezela uhlamvu olunempendulo eFanele.**

Yiliphi igama elimomsindo ongahambisana neminye kulana angezansi.

- A ushoki
- B ishoba
- C intshebe
- D ushaka

- 6.2 **Kokelezela uhlamvu olunempendulo eFanele.**

Ubaba ugcwalisa imoto yakhe ngo ... uma eya eholidini.

- A. Glu
- B. qiniso
- C. phethiloli
- D. pharafini

- 6.3 **Dwebela impendulo eFanele.**

Yiliphi igama elinomsindo ofana noka "phuphu" kulana?

I mpuphu iphaphu popo mpompi

7.1 **Kokelezela uhlamvu olunempendulo eFanele.**

Ngiyathanda ukuphuza

- A. itiyi.
- B. itayi.
- C. itoyi.
- D. itete.

7.2 **Kokelezela uhlamvu olunempendulo eFanele.**

Ngiyathanda ... indaba encwadini.

- A. ukufihla
- B. ukufunda
- C. ukufanda
- D. ukufunba

7.3 **Funda umusho bese udwebela igama elifanele.**

Kumele ngikame (izinwaya izinwele) ngaphambi kokuya esikoleni.

7.4 **Buka lesi sithombe bese ugcwalisa ngegama elisele.**



I zolo ngi ibhayisikili lami.

(gibele phushe)

7.5 **Yakha umusho usebenzise leli gama.**

iposi

8.1 **Phinda ubhale la magama ngokuwahlanganisa.**

ikati

ivila

8.2 **Dwebela igama elifanele, umusho uwubhale ngokuhlanganisa.**

Umama uyathanda ukuthenga izinto ezise ... (mkhunj ini ndalini)

8.3 **Phinda ubhale lo musho ngokuhlanganisa.**

Ngifuna ukuya esitolo ngiyothenga amaswidi.

8.4 **Gcwalisa ngamagama asele. Ubhala ngokuhlanganisa.**

Umfana ne bafunaesikoleni.

8.5 **Kokelezela igama elifanele ulibhale ngokuhlanganisa.**

Ngifuna (ukuya sikuya) edolobheni.

9.1 **Phinda ubhale lo musho ngokuhlanganisa.**

I zolo siye ekhaya lezilwane.

9.2 **Bhala lezi zinhlamvu zibe osonhlamvukazi uzibhale ngokuhlanganisa.**

X y Z

9.3 **Qhathanisa izinhlamvu ezibhalwe ngokuhlanganisa nalezo ezibhalwe ngokungahlanganisi.**

	Ikholumu A	Ikholumu B
9.3.1	E	A. <i>E</i>
9.3.2	G	B. <i>G</i>

- 9.4 **Phinda ubhale amagama owanikiwe ngokuhlanganisa. Sebenzisa osonhlamvukazi lapho kufanele khona.**

izidladla

Port Elizabeth

- 9.5 **Bhala lo musho ngokuhlanganisa ephepheni elingenamugqa.**


Sabona izinkawu ezi-5 namabhucsi amabili ekhaya lezilwane.

- 10.1 **Bhala indaba enemisho eyi-10 ngesilwane sakho osithandayo.**

- 10.2 **Sebenzisa amagama akho ukubhala indaba ngezingulube ezintathu ezincane. Bhala okungenani imigqa eyisi -8 kuya kweyi - 10.**

- 10.3 **Bhala indaba ngempisi. Uchaze ukuthi ibukeka kanjani, idlani, ifunani, ivame ukwenzani. Bhala okungenani imigqa eyisi -8 kuya kweyi -10.**

- 10.4 **Bhala indaba ngesithombe sengane yendlovu esingezansi. Bhala okungenani imigqa eyi-10.**



- 10.5 **Bhala indaba emfishane ngesilwane sakho osithandayo esizoya elayibh ulali yesikole. Dweba isithombe/izithombe ngendaba yakho.**

11.1 **Kokelezela uhlamvu olunempendulo eFanele.**

Ngabona ... ibhubesi ekhaya lezilwane

- A. elikhulu
- B. gona
- C. hleka
- D. elikhala

11.2 **Dwebela igama elisitshela kabanzi ngesenzo kule misho.**

I bhubesi lidla ngokulamba.

I ndlovu ihamba kancane.

11.3 **Kokelezela isenzo kule misho**

I zinkawu zidlala endlini yazo.

I ngwe ilele elangeni.

11.4 **Qhathanisa izilwane nezingane zazo.**

I kholomu A	I kholomu B
11.4.1 Inj a	A. izinyane
11.4.2 imbuzi	B. umdlwane

11.5 **Gcwalisa ngebizo elifanele kule misho.**

I liyabhonga uma usondela kulo.

I iyakhonkotha uma ibon aisela.

- 12.1 **Bhala imisho eyi -10 ngendaba yakho.**
- 12.2 **Bhala imisho eyi -10 ngosuku lwakho lokuqala mhla uvakashela udokotela wamazinyo.**
- 12.3 **Ake ubhale imisho eyi-10, ubhalele iphepha langakini ngokuthola kwakho umklomelo esikoleni.**
- 12.4 **Bhala indaba enemisho eli - 10 emayelana nomfanyana noma intombazanyana evakashele kwadokotela.**

12.5 **Bhala imisho eyi -10 ngosuku lwakho lokuqala eBangeni lesi – 3.**

13.1 **Phinda ubhale lo musho usebenzise izimpawu zokubhala ezifanele.**

Uyile yini ephathini kathabo ngoMgqibelo

13.2 **Phinda ubhale lo musho usebenzise izimpawu zokubhala ezifanele.**

Ungawadli amaswidi amakhekhe noshokolethi

13.3 **Bhala imisho emi-3 (1 ipharagrafu) usebenzise lezi zimpawu zokubhala: ikhefana usonhlamvukazi umbabazi ungqi**

13.4 **Khetha uphawu olufanele ukusetshenziswa kulo musho ongezansi.**

, . ? !

Hawu musa ukutetema

13.5 **Lungisa izimpawu zokubhala kulesi siqephu esingezansi. Phinda ubhale le misho.**

UTina waqhudelana ngokugij ima nomfowabo uvuyo behla nj alo ngomgwaqo ngizokuhlula esho ehleka embuka ngemuva. UTina wagij imela ebulenj ini. Wagxuma , eabaza. Bukimi Suka kimi

14.1 **Khetha impendulo eFanele. Kokelezela uhlamvu olunempendulo eFanele.**

Kuna ...abahlanu abaphuza itiyi.

- A. besifazini
- B. besifazene
- C. besifazane
- D. besifezone

14.2 **Dwebela igama elifanele.**

Umsebenzi uwenze encwadini yakhe ngobukhulu ...

(ubudlabha ubudlobha ubudlebhu ubudlala)

14.3 **Kokelezela uhlamvu olunempendulo eFanele.**

Kune ... eziningi eFamu.

- A. mashibusi
- B. zimvu
- C. mamvu
- D. zomvu

14.4 **Qhathanisa ubunye nobuningi bala magama.**

Ikholumu A	Ikholumi B
14.4.1 ihlamvu	A. amabhola
14.4.2 ibhola	B. amahlamvu

14.5 **Buka lesi sit hombe bese ubhala ubuningi obufanele balo musho.**

Amantombazane agqoke ezinhle ephathini.



15.1 **Kokelezela uhlamvu olunempendulo efanele.**

Namuhla ngiya esikoleni.

kodwa

I zolo ... esikoleni.

- A ngangiya
- B ngaya
- C ngiye
- D ngiya

15.2 **Phinda ubhale lo musho uqale ngokuthi "Izolo".**

Badla ama-aphula.

I zolo

15.3 **Phinda ubhale le ndatshana enkathini eyedlule.**

Mina nenj a yami siyahamba sehla ngomgwaqo. Ngenkathi sisondelela kuMike umbhaki, uyasimemeza uthi asime.

15.4 **Guqula lo musho ubesenkathini ezayo, uwuqalise ngegama elithi "Kusasa".**

Ngixubha amazinyo ami.

15.5 **Bhala imisho emibili esenkathini ezayo.**

